

## IHhovisi lakwaSARS Elilawula Impahla Emngceleni lishaqe izinsizakuguqula amagesi ezingekho emthethweni zenani lika-R21-million

**Tshwane, 2 kuNhlolanja 2022** – Umnyango weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eyoqwayo (SARS) lushaqe izinto ezintathu zezinsizakuguqula amagesi (catalytic converters) kanye nokusampushana okugayiwe phakathi kulezi zinsizakuguqula amagesi, kwenani lika-R21-million. Okusampushana okugayiwe okukhishwe maphakathi nensizakuguqula amagesi kunesandla kulesi sidakamizwa esisha sakamuva.

Uphiko lwezinja ezihogela umkhondo zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zibambe imithwalo emithathu enesisindo esiyi-2 649kg ulibangise eDubai, e-United Kingdom naseJordan.

Insizakuguqula amagesi nokusampushana okugayiwe okukhishwe maphakathi nensizakuguqula amagesi kwakufihlwe kugubhu olwenziwe ngensimbi kanye nasezikhwameni. Bheka izithombe ezinanyathelisiwe.

Insizakuguqula iqukethe okusansimbi okufana ne-*palladium*, i-*rhodium*, i-*platinum* kanye negolide. Ngokudlula kunqubo yokucolisisa lokhu okusansimbi okukhethekile kungakhishwa bese kusetshenziselwa ukwakha ubucwebe, izingxenye zezimoto kanjalo nezikhali.

Ingaphakathi lensizakuguqula amagesi okuyiyo enquma ukuphuma kwamagesi anobuthi ingagaywa ibe sampuphu ecekile bese lisetshenziselwa ukwakha isidakamizwa esinobuthi. Lokhu kuholele ekunyukeni kokwebiwa kwezinsizakuguqula amagesi kwamanye amazwe.

Umthwalo wadalulwa njenge-*Ceramic Catalyst Sample*. UMnyango wokuPhenywa koBugebengu obuseQhulwini ngaphansi koMnyango wamaPhoyisa (Hawks) waziswa ngalokhu okutholakele kanti nezimpahla zinikwe bona ukuze baqhubeke nophenyo.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ubonge izisebenzi zophiko lwezinja ezihogela umkhondo zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ngamehlo azo abukhali ekuvimbeni uhwebo olungemthetho lwezinto ezingase zisetshenziselwe ukwakha izikhali nezidakamizwa.

“Ukushaqwa kwalezi zinto kungubufakazi bokuzinikela kwezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ukusiphuna nezimpande uhwebo olungemthetho kanye nezinto ezinobungozi,” kwengeza uMnu. Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)